



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

NOVEMBA 2014

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: amahora ama- $2\frac{1}{2}$

Leli phepha linamakhasi ayisi-6.

IMIYALELO KWABAHOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZIMBILI:

ISIQEPHU A: Indaba: 50 amamaki

ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo: $2 \times 25 = 50$ amamaki

QAPHELA: Abahlolwayo kumele baphendule imibuzo EMIBILI kulesi siqephu.

2. Kulindeleke ukuba uphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A, kanye NEMIBILI esiqeshini B.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Qalisa ISIQEPHU ngasinye ekhasini ELISHA.

5. Bhala uhlaka (isibonelo, olusabalazwe/olusamdwabo/iflowushadi/olwamaphuzu amqoka). Uhlaka kumele lube NGAPHAMBI kwendaba, ekhasini lwalo lodwa.

6. Fundiswa ubuye ulungise amaphutha omsebenzi wakho.

7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80

ISIQEPHU B: Amaminithi angama-70

8. Bhala izinombolo zihambisane nezihloko njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.

9. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo kuphela.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

ISIQEPHU A: INDABA**UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390. Ungakhohlwa ukubhala uhlaka.

- 1.1 Bhala indaba ngalesi sihloko esilandelayo.

Iqola Elashiya Umphakathi Ubambe Ongezansi.

[50]

- 1.2 Bhala indaba ngalesi sihloko esilandelayo ezokhombisa ukuthi uyayiqonda incazeloyalesi saga.

Inkunzi Isematholeni.

[50]

- 1.3 'Ukutshelwa ngudokotela ukuthi ngenxa yokugula sewusalelwwe izinsuku ezimbalwa uphila, kungakushiya nokukhulu ukudideka engqodweni.'

Bhala indaba ezofakazela ubuqiniso balesi sitatimende esingenhla. Yinike isihloko indaba yakho.

[50]

- 1.4 Bhala indaba ngalesi sihloko esilandelayo.

Ubuhle Nobubi Bokuvezwa Kwemiphumela Kamatikuletsheni Emaphephandabeni.

[50]


- 1.5 Bhala indaba ngalesi sihloko esilandelayo ukhombise ukuthi uyavumelana noma uyaphikisana naso.

Ukukhula Uhlupheka Akusho Ukuthi Ngeke Ube Utho Ngomuso.

[50]

- 1.6 Bukisia lesi sithombe esingezansi bese ubhala ngaso indaba. Yinike isihloko indaba yakho.


1.6.1



[Sithathwe ku-Internet]

[50]

1.6.2



[Sithathwe ku-Internet]

[50]

1.6.3



[Sithathwe ku-Internet]

[50]

AMAMAKI ESIQEPU A: **50**

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 2**

Phendula imibuzo EMIBILI kulesi siqephu.

Bhala ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120.

2.1 Incwadi yobungane

Bhala incwadi eya kubabekazi wakho obewa evuka nave. Mbonge ngokukukhulisa kanye nokukufundisa kwakhe njengoba sewufunda ibanga le-12.

[25]

2.2 Incwadi yephephandaba

Bhalela uMhleli wephephandaba umbonge ngokukulekelela emkhankasweni wokuthungatha isihlobo sakho ebesesiduke iminyaka.

[25]

2.3 I-athikhili yephephabhuku

UnguSihlalo wesigungu sabafundi esikoleni ofunda kuso.

Bhala i-athikhili yephephabhuku laleso sikole weluleke abafundi ngokubaluleka kokukhetha umkhakha ohambisana nekhono onalo esikhungweni semfundo ephakeme.

[25]

2.4 Inkulomo elungiselelwwe

Umngani wakho uzuze umfundaze wokuyofundela iziqu zobudokotela ezweni laseCuba. Abazali bakhe bahlele ukumenzela indumezulu yomcimbi wokumvalelisa ngaphambi kokuba ahambe.

Bhala inkulomo elungiselelwwe ozoyethula kulo mcimbi.

[25]

2.5 I-inthavyu

Uyintatheli yephephandaba 'Ziphuma Zishisa'.

Bhala i-inthavyu ekade iphakathi kwakho kanye nosaziwayo wangakini oyisibonelo esihle emphakathini. Le inthavyu maybe mayelana nemfihlo yempumelelo yakhe.

[25]

2.6 Umbiko ongabekelwe mgomo

Ubune abafundi enifunda nabo belwa ngesikhathi senhlabakhefu. Lokhu kususe isiphithiphithi esikhulu kwaphazamiseka nokufunda esikoleni.

Bhala umbiko ongabekelwe mgomo omayelana nalesi sigameko oya kuThishanhloko.

[25]

AMAMAKI ESIQEPHU B:
AMAMAKI ESEWONKE:

50

100